

# UJEHOVA-JIRA



...kakhulu uMfowethu Buntain.

<sup>2</sup> Sanibona ekuseni klasi, kuyi—kuyinhlanhla ukuba lapha. Izolo bekuwusuku lwelambu elibomvu kolwami, noma, usuku lohlamvu olubomvu, bengifanele ngisho, enkonzweni yami. Ngicabanga ukuthi umfowethu ohumushe lokhu ufuna ukuza azifundele yena ngolunye lwalezizinsuku ngalokho okushiwo izolo, futhi kwenzeka into eyisimangaliso kanjalo.

<sup>3</sup> Futhi nginepheshana ukuthi omunye umuntu uledlulise lapha, elithiwa *UMBhali WeBaptisti*, ngicabanga ukuthi bekunguMfowethu Paul Boyd, ngiqinisekile impela. Lifundeni lelo, uma enamanye awo. Lona, angikaze ngilifunde kuze kube yilokhu ukusa, njengoba ngazi ngakho.

<sup>4</sup> Futhi ngi—bengilifunda, ngivele nje ngavuka kusesekuseni, futhi ngiyathanda ukuvuka kusesekuseni ngeSonto ekuseni bese ngihambahamba, niyazi, cishe zonke i—izidleke zamademoni ziyavuleka ebusuku kakhulu, alele phakathi, futhi khona-ke ungaphumela ekupholeni nothando lwasekuseni. Kufana nje, awu i, niyazi, isimo somkhathi ngesikhathi sasebusuku siyehla, ungaphuma, unгахogela i—izimbali zozu, nezimbali, nezinto, ngoba ngubumnandi basekuseni buveza lelo zolo futhi bubambe iphunga eliminandi.

<sup>5</sup> Futhi yileyondelela engicabanga ukuthi sifanele siyenze njalo siza epulpiti lethu, ngukuvallelwa phakathi noNkulunkulu, nezwe lingaphandle, ukuthi unгахamba ungene no—nogcobo lukaMoya oNgewe. Kuhle kakhulu! Ngikuthanda kahle kakhulu.

<sup>6</sup> Bengimi emuva lapho emizuzwaneni embalwa edule, futhi ngezwa lelculo liqala, *Kholwa Kuphela*, ngabuka ngale endodaneni yami noMfowethu Borders, ngase ngithi, “Cabanga nje, lelo—lelculo lingibizele emsamo e, ngiqagele, izilwimi ezingamashumi amane ezehlukene, emhlabeni jikelele.”

<sup>7</sup> Ngiyakhumbula, ngangihlezi ezinyaweni zikaPaul Rader ngenkathi ebhala lelo. Bangaki abake bezwa ngoPaul Rader na? Impela, cishe sonke sezwa ngaye, e, umfowethu oyiBaptisti eFort Wayne Gospel Tabernakele. Futhi ngiyakhumbula okuzwakala kumnandi kunakho konke kimi, njalo kuzwakala kumnandi, kodwa sekube yiculo lami eliyindikimba, manje, iminyaka eyishumi nane, selokhu ngibe sensimini.

<sup>8</sup> Futhi ngiyakhumbula ngihlezi emuva eRediger Tabernakele lapho ngenkathi ngang...iFort Wayne Gospel Tabernakele ngenkathi nganginenkonzo, futhi ngangihlezi endlini yokutadishela kaPaul, khona lapho abhala khona lelculo,

futhi ngangihlezi lapho, kade ngikhuluma no F. F. Bosworth, na—nabanye abefundisi, ngaphambi nje kokuya epulpiti, futhi kamnandi ngishushumbele phakathi kulesosipikha, o, he, ngacabanga, “Paul, ngifisa sengathi bengingaxhawula isandla sakho manje,” niyazi. Niyazi, waye, uPaul wayeyindoda enkulu kaNkulunkulu, ngempela wayeyiyo, umzuzi omkhulu wemiphefumulo.

<sup>9</sup> Niyazi, amazwi akhe okugcina enhla lapha, ngenkathi efa, wahlangana namathuna ngapha, nalokho kwambulala. Ngakho, ngenkathi efa, wathi—wathi, “Uma mina,” ngenkathi ebeka isandla sakhe phezu kwe—ihlombe lomfowethu, kwakungumngane wami, usaphila nanamuhla, wathi, “ukuba ngangithengise ngomlayezo wami womusa kumaPentecostal ashisa bhe, esikhundleni sokuwuphosa kini maBaptisti, ngabe nga . . . ngibe nempilo ende.”

<sup>10</sup> Futhi kunjalo. Washo umlayezo wakhe womusa kumaPentecostal, esikhundleni sokuthi nje—nje wakhathazeka futhi wampintsheka phansi, *nalokhu*, nethempeli elikhulu, nodaba lokwakha, wayeyindoda kamoya, ngakho kwavele nje kwaklinya ukuphila kwaphuma kuye ngqo, futhi kwamnika umdlavuzo, futhi wafa.

<sup>11</sup> Ngaphambi nje kokuba afe, wabiza umfowabo, uLuke. IMoody Bible, enhla lapho eChicago, yayithumele ezansi o—osicula ngabane abancane ukuba bamuculele. Futhi uPaul njalo wayenamancoko. Ngiqugele benimazi uPaul, kanjani . . .

<sup>12</sup> Futhi uLuke wayekabi kakhulu kunoma wayenjalo, uLuke wayehlekisa kakhulu, wawungeke usho ukuthi wayeqotho nini. Wayevamise ukungena esitolo othenga udlele kuso, futhi babene, ngenkathi babenalokhu . . . Kuyini, Gene, ubiza lento obunayo, ethi ukuba yinde . . . ? Niyazi, okusongiwe, okusongiwe, banakho ngamablockhi amancane manje. Olunye uhlobo—olunye uhlobo . . . Qhabo, yi—yisidlo sasekuseni sokusampephesi. IShredded Wheat. Wayevamise ukuba nalezo ezincane, izinto ezinde kanjalo, futhi wayezibiza ngomatilasi bonodoli. Watshela inenekazi, “Ngilethele omatilasi bonodoli.” Wayengumudli omubi kabi.

Futhi wathi enenekazini ngokunye ukusa:

Lathi, “Uzoba nani na?” Encane, intombazane yaseningizimu.

Wathi, “Awu, ngizothatha uhhafu wedazini lamaqanda, nephawondi yehemu, namabhisikidi cishe ayishumi.”

Yambambatha unyawo lwayo oluncane, yathi, “Manje lapho usunquma ukungitshela ukuthi ufunani!”

Wathi, “Yilokho engikufunayo,” futhi wayeyisidla kudla.

“Lokho,” uMfowethu Bosworth wathi, “yilokho akufunayo.”

Wathi, “Yini indaba na? Anikujwayele yini ukuphakela amadoda ezansi lapha eningizimu na?”

Yathi, “Yebo, mnumzane, kodwa hhayi ukugcwalisa izisele.”  
Wa—wayenamancoko impela.

<sup>13</sup> UPaul, ngenkathi efa, futhi phezulu lapha esibhedlela, eLos Angeles, futhi ngenkathi e—ethi...UPaul nomfowabo banamathela, bahamba ndawonye njengoBilly nami, behamba ndawonye, babehlala benamathelene. Futhi ngakho, wa—wathi, “Uphi uLuke na?” Futhi uLuke wayengamfuni, embona efa, wayehambe wayongena kwelinye ikamelo.

<sup>14</sup> I, nekhwaya encane kade icula, noma, abacula ngabane abancane becula elithi *Eduzane, Nkulunkulu Wami, NaWe*, uPaul wathi ukuswanguluka, waqalaza, wathi, “Ubani ofayo, yimina noma yini na?” Wonke lowomculo wokulila. Wathi, “Phakamisani lawo makhethini, bese ningiculela amaculo eVangeli asheshayo.”

Ngakho baqala ukucula, “Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona.”

Wathi, “Lokho kuzwakala kangcono.” Wathi, “Uphi uLuke na?”

Bathi, “Uphandle kwelinye ikamelo.”

<sup>15</sup> Wathi, “Mtsheleni eze lapha.” ULuke uyangena, ethi ukuhisheka, azi ukuthi umfowabo wayefa, ngakho-ke wathi wafinyelela ngale, wayesebamba isandla sakhe, wayesethi, “Luke, sivela kude ndawonye, asibanga njalo yini na?”

Wathi, “Yebo, sibe njalo, Paul.”

<sup>16</sup> Wathi, “Kucabange, emizuzwini emihlanu kusukela manje, ngizobe ngimi eBukhloneni bukaJesu Kristu, ngembethe ukulunga kwaKhe,” wakhama isandla somfowabo, wayesefa. O, yileyo ndlela! Yilokho-ke.

<sup>17</sup> Ngama noDkt. Bosworth ngenkathi ephuma; futhi ngezwa ngobufakazi bukaMoody ngenkathi ephuma; futhi sifanele siphume, nathi. Ngibabambe ngezingalo zami, futhi ngibezwa befa, baphole, bese-ke bethwishika futhi, bedazulukela umusa futhi becela usizo; Ngibabonile bethi, “Ngibeke esifubeni sakho, Mfowethu Branham,” bephakamisa izandla zabo futhi bacule:

Usuku lwenjabulo, usuku lwenjabulo,

Selokhu uJesu ahlanza izono zami!

Wangifundisa ukubheka nokukhuleka.

<sup>18</sup> Ngiyakhumbula umngane wami omncane, ngangibambe, wathi, “AwuMboni yini, Mfowethu Branham na? Nango Eza.” Wathi, “Awu, hamba kahle, Mfowethu, kuze kukushaye kolunye uGu.” Waphakamisa izandla zakhe, wathi, “Ngizokubona kolunye uGu.” Wathi, “O, Nkosi Jesu!” Futhi wakhothamisa ikhanda lakhe futhi wawela ethangeni lami. Niyabo?

Yileyondlela yokuhamba, niyabo, kunjalo. Wayeyisithandwa, umfana ongcwelisiwe.

<sup>19</sup> Futhi khona, ngikholwa ukuthi kunesikhathi esisodwa esilotshwe emBhalweni, ukuthi uDavide, ngiyakholwa, wathi wayembonile omubi emandleni, futhi enaba njengesihlahla ibheyi esiluhlaza, ephumelela nje, futhi enza yonke into, kodwa iNkosi yatshela uDavide, “Kodwa wake wambona ekupheleni na?” Yilapho okubalulekile khona kusekupheleni, hhayi okulapha, kuyilokho, ukuphela. Futhi yingakho ngizama ngayo yonke inhliziyo yami, ukwenzisa . . . ukukhomba abantu phansi ekupheleni.

<sup>20</sup> Manje, ngaphambi kokuba ngiqede lomlayezo kulokhu ukusa, iNkosi ithanda, kodwa nasi isizathu sokuba ngishayeke kulokho, uma ningenakukubamba ngokomoya . . .

<sup>21</sup> Awusho, wena ongibhalele incwadi, phandle lapho ngoHezekeli 33:33, usekhanda lesipikili, kodwa thula.

<sup>22</sup> Manje, nje—njengokuhamba . . . U-Ern Baxter wangitshela, washo ukuthi ehla eCanada babeno—nomncintiswano walelibhayisikili elisha iShwinn, wayezonikeza umncintiswano owayengagibela, ngokuba ngiyakholwa, amayadi ayikhulu epulangwe, ishumi nane- noma amayintshi ayishumi nesithupha isikwele, ngaphandle kokuwa empambukweni engamafidi amabili, engamafidi amathathu, ehla ngqo ngaleyompambuko, obengagibela asondele kakhulu ekupheleni, lowo bekuyoba ngumnqobi webhayisikili.

<sup>23</sup> Awu, u-Ern wathi wayazi ukuthi wayezowunqoba, wathi ngoba wayengaya ezansi nedolobha, atholele unina igrosa, futhi angalokothi athinte ngisho izimpondo, wathi nje ehle, uyazi ukuthi uligibela kanjani ibhayisikili, wathi babengabagibeli abangochwepheshe nje.

<sup>24</sup> Wathi ngenkathi bonke bekhuphukela lapho ngalolosuku ukuba bagibele, wathi babenomfana omdadlana, osasitabane, wayebonakala ewuhlobo lomncane, umfo othi akabe ichoboka, futhi kwaba nguye kuphela owaligibela. Waligibela kahle, waqonda ngqo waze wayofika ekupheleni, wehla ebhayisikilini lakhe, bonke bawa ngaphambi kokuba bathole noma yimuphi uphisi nhlobo. Ngakho bonke bazungeza, abafana bamzungeza, futhi bathi, “Ukwenzeleni na? Ukwenze kanjani na?”

<sup>25</sup> Wathi, “Manje, bafo, ngizonitshela ukuthi ku—ukuthi bekuyini.” Wathi, “Nginiqaphelile ngamunye wenu, lapho nenze khona iphutha lenu,” wayesethi, “ngiphumelele ngephutha lenu.” Wathi, “Ngenkathi nigibela ebhayisikilini lenu, futhi bayakufusha,” wathi, “Nginiqaphelile *kanje*, nizama ukuligcina epulangweni.” Wathi, “Uyabo, lapho ubuka phansi *kanje*, uthola ukwethuka.” Wathi, “Ngenkathi bengifusha, ngigcine iso lami ekupheleni, futhi ngaqhubeka nginganyakazi.”

<sup>26</sup> Nakho lapho okhona. Niyabo, yilokho-ke, mngane, ungabuki phansi lapha ukuthi kwenzekani namuhla noma kusasa, gcina iso lakho ekupheleni, futhi ungatatazeli. Niyabo? Uma nizobhekisisa, futhi, “Awu, uma ngingakwenzi *lokhu*, uma ngingakwenzi *lokhu*, uma ngi . . .” niyabo, nizowa impela njengezwe, niyabo. Nje gcina iso lakho ekupheleni, futhi ekupheleni kwayo yonke impilo uhlangana noJesu. Kunjalo. Ngakho nje gcina iso lakho ekupheleni, futhi ungangyakazi.

Asikhuleke.

<sup>27</sup> Baba Nkulunkulu, siyangena manje eBukhoneni baKho, endlini yaKho engcwele, lapho ubuhle bukaNkulunkulu bubekelwe labo, iMana efihliweyo. Ngiyakhuleka Nkulunkulu, ukuthi UzoYihlephulela ngesihle kulokho ukusa, kulemizuzu emincane embalwa yesifundo, ukuphetha lokhu ukufunda okukhulu ngenceku yaKho, ukhokho omkhulu u-Abrahama.

<sup>28</sup> SiyaKubonga ngalelibandla nangeminyango yalo evulekileyo, siyaKubonga ngomelusi nokuma kwakhe kobuqhawe. Futhi ukumbona, Baba, indlela abusiswe futhi wasizwa ngayo, sijabula kakhulu ngalokho. Ngicabanga ngalowo oyigugu, ubaba wakhe omdala eCanada, nokuthi wakumela kanjani lokho okwakuyikho osukwini lwakhe, ihora lakhe. Nkulunkulu, kwangathi indodana yakhe ingalandela lawo manyathelo futhi ingalokothi ixegise, kodwa ihlale ngqo noMoya neVangeli. Ngikhulekela ibandla lakhe lapha, lababantu abathandekayo obizelwe ngaphakathi.

<sup>29</sup> Baba waseZulwini, Wena usiletha endlini yokuqondisa, nokuqondisa kuqala endlini kaNkulunkulu, ukwahlulela kuqala lapha. Futhi uma si . . . Izone zabanye abantu ziqhubeka phambi kwabo, ezinye ziyalandela, Nkosi, makuthi ezethu zihambe phambi kwethu njengoba sizivuma ukuthi ziyiphutha, futhi kwangathi singaba nesihawu nomusa ovela eNdodaneni yaKho, uJesu.

<sup>30</sup> Busisa zonke izihambi emasangweni ethu, sikhulekela ukuthi Uzobapha ngokuchichima ngokwedlulele koMoya waKho. Futhi kwangathi lemvuselelo encane eqalile manje, ingapheli neze kuze kufike uJesu, siphe khona, kwangathi kungaba ngumlilo omncane kuzo zonke izinhliziyi zethu.

<sup>31</sup> Futhi ngiqinisekile, Nkosi, ukuthi bonke bayakuqonda u—ukuma engikuthatha ngaWe, ukuthi kufanele kuqonde, kuyindlela eyingcingo, futhi akukho ndawo endleleni, kodwa nje eyomuntu oyedwa noJesu yedwa, ngakho kungukuthi, sifanele sihambe ngaleyondlela, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi izethameli zizowubamba lowombono, futhi kwangathi ungasuki neze ezinhliziyweni zazo, siphe khona.

<sup>32</sup> Sibusise ubusuku bonke, njengoba siza ezinkonzweni zokuphulukisa kulobubusuku, kwangathi kungabakhona inkonzo enamandla ngokwedlulele yamandla aKho

okuphulukisa, kulobubusuku, ukwenza izinyonga zihambe, izimpumpithe zibone. Kwangathi bangangena, Nkosi, futhi bazivalele phakathi naWe, futhi babheke phezulu kuWe. Kwangathi uMoya waKho omkhulu ungaba lapha. Kwangathi bangefike nanoma yikuphi ukuduka, noma beze noma ngayiphi indlela, kodwa nje ngaphansi kwamathemba amakhulu, ukuthi Uzothululela izibusiso zaKho ezinkulu phezu kwabo futhi ubanike isifiso senhliziyo yabo, ngokuba sikholwa ukuthi kuyintando kaBaba ukuba nomusa kubo bonke abantwana baKhe.

<sup>33</sup> Kulotshiwe emBhalweni, “Beningathanda phezu kwakho konke ukuba niphumelele empilweni.” Ngokuba Nkosi, singeke saKukhonza lapho sizizwa sigula, futhi siphansi, futhi sizwa konke okusemandleni ethu, khona-ke singenza konke okusemandleni ethu, futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzosisiza ukuba sibe kokusemandleni ethu, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

<sup>34</sup> Manje, kulobubusuku, ngithanda ukuba nabo bonke abantu... Manje, kuzoba nokuncane nje ukunikeza amakhadi omkhuleko, abafana bazoba lapha ukunikeza amakhadi omkhuleko, futhi ngelesithupha nqo nihlale khona lapha kulezi zihlalo, khona ngapha phakathi *lapha*. Khona-ke bayosukuma lapha phambi kwenu, baxubanise amakhadi, baninike wona. Manje, qiniseka, ngelesithupha nqo.

<sup>35</sup> Manje, uma ungezi, khona-ke ungeke... Futhi vumela umuntu eze, manje, labo okade eneziyalo zemihlangano, amakhadi awashintsheki, ungawakhiphi bese uwanikeza uJones, futhi akasoze afike, futhi njengalapho, uthatha ikhadi lakho bese uhlala phansi, linda lapho nje kuze kufike isikhathi sokubizwa.

<sup>36</sup> Bese kuthi-ke ube lapha ngelesithupha nqo, ngoba ngicabanga ukuthi banezinye izinto ezenziwayo lapha zoku, njengoba ngazi kakhulu onke amabandla enza, njengawo onke, ngakho bona, sifuna nibe lapha kusenesikhathi ukuze sisuse lokhu ezandleni zethu, futhi khona-ke ngizoba ngale lapho-ke cische ligamenxe elesikhombisa, ikota kushaye elesishiyagalombili, into efana naleyo ngicabanga ukuthi yikho (Akusikho, Mfowethu na?), ukukhulekela abagulayo.

<sup>37</sup> Futhi manje, ngingathanda ukuthi nihlale njalo nishiya lezi zihlalo ezingaphambili kwabagulayo, uma ngingabakhuphulela lapha, niyabo, ngibasondeza ngakimi ngqo. Izolo ebusuku ngidingeke ukuthi ngihambe kancane kamuva, ugcobo lwehla emva kokuba bengi, nje, ngimba kulowomlayezo kanzima kakhulu, niyabo, uMoya weNkosi, khona-ke Wehlela phansi ukunikeza, unikeza ukubona okufihlakele, kanjalonjalo. Futhi bekukhona omunye obeyehlezi emva kwami lapha, umfowethu othandekayo, ngaphenduka ngase ngibona into

ethize, nganqekuzisa ikhanda lami kuye, futhi ngahlangana naye phandle lapho ekamelweni, futhi ngethemba kuNkulunkulu ukuthi sekuphelile manje. Futhi ngakho, khona nje, ufanele uqaphele.

<sup>38</sup> Abantu bacabanga ukuthi lokhu kulula kakhulu, lena yinto enzima kunazo zonke owake wakhwela kuyo. Ngizishilo izinto, futhi ngiye ekhaya futhi ngikhale kuze kuthi isiqeshana somcamelo wami sibe manzi. Ngike ngaba nomkami, weza engigaxa, wahlala phakathi nephansi lendlu ekhala, ngesikhathi sasebusuku. U—ufanele wenze izinto ongafuni ukuzenza, niyabo, lowo nguMoya wenza lokho. U—ungeke waba yilutho ngaphandle kwalokho oyikho ngempela. Niyabo? Une... Uma ungalandeli ukuhola komoya wakho—wakho, khona-ke wenza into ethize ongezwa uholeleka ukuba uyenze, khona-ke—khona-ke ungumzencisi, niyabo. Yiba yilokho oyikho, akunandaba ukuthi uyini, yiba yilokho, uyabo, yiba yilokho nje. Futhi kukwenza kube nzima kabi.

<sup>39</sup> Bese kuthi-ke ngesinye isikhathi lapho ugcobo luqathaka, futhi ungabuka ngale bese ubona izinto. Lapha ngelinye ilanga ngangihlezi etafuleni na—nabanye abefundisi. O, ngifisa sengathi ngabe angihlalanga phansi lapho. Nje ngi—ngisanda kuphuma emhlanganweni, bebefuna ngiye edineni nabo, futhi nakho kuhlezi leyondoda, yabuka ngale kwetafula yase isho kimi into ethize, futhi ngokwethembeka, ngi—nginga—benginganikela, namhlanje, amadola angamakhulu amahlanu uma bengingakwazi, uma ngingazange ngiye kulesosidlo sakusihlwa. Niyabo? Isizathu bengihlala njalo nginenhlonipho ephakeme kakhulu ngendoda, futhi lapho engikubonile! *Ci!* Niyabo? Ku...

<sup>40</sup> Ucabanga ukuthi lokhu kulula, mfowethu, awuqondi, awuqondi nje ukuthi yini, ku—kuyabulala, futhi nje okuncanyana kwakho. Ukhuluma nje nomuntu omaziyo, ngesabo—ngesimo sabo, noma into efana naleyo, kufana nje...

<sup>41</sup> Uyabo, awuqondi, kodwa nguwe oletha leyomibono, akusimina, nguwe. Bengingeke ngikwenze, ngi...ku... angikulawuli, kuyangilawula. Manje, nje... (Ngingaba nemizuzu cishe emihlanu eyengeziwe na? Ngicabanga ukuthi bekungasiza umhlangano wethu, niyabo.)

<sup>42</sup> Ngizonitshela ukuthini, niyabo, siza enkonzweni yokuphulukisa. Manje bukani, sonke singabafana abancane, futhi sehlela esekisini, umgubho womkhosi uza edolobheni, noma, isekisi, sonke. Awu, kuyenzeka ukuthi, ngingomkhulu kakhulu, onomzimba omncane, umfo omude, futhi—futhi ngihamba ngapho, futhi ningabafishane, izidlakela, abafu abaqatha. Awu, siyaqhubeka, sizongena kanjani na? Kungemuva kothango lwepulangwe. Awu, kwenzeka ukuthi, ngibuka

phezulu *lapha*, futhi nansi imbobo yefindo phezulu *lapha*. Awu, ngi—ngithi . . .

Bathi, “Heyi, Mfowethu Branham, kwenzekani phakathi lapho na?”

“Awu, gxuma futhi ubone.”

“O, bengingeke ngifinyelele kukho.”

<sup>43</sup> Niyabo, sifanele sibe yilokho esiyikho, “Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.” Ngenkathi uzalwa kulelizwe, ngaphambi kokuba izwe lize liqale, uNkulunkulu wayekwazi, wakubeka ngokwendawo eyiyona yona. Uma lokho kungenjalo, khona-ke iBhayibheli alinjalo. Kunjalo impela. UNkulunkulu wafaka amagama ethu eNcwadini yokuPhila yeWundlu, hhayi lapho uza e-altare, kodwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe, kunjalo, yilokho iBhayibheli elakusho. Kunjalo.

<sup>44</sup> Lahlatshwa nini iWundlu na? Ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi ngenkathi iWundlu lihlatshwa, igama lakho lafakwa eNcwadini yaLo. UNkulunkulu, ngokwazi kwaKhe ngaphambili, wabona zonke izinto, Ungongenasiphelo, Wayazi ukuphela kusukela ekuqaleni. Akathandi ukuba kubhubhe namunye, leso akusiso isifiso saKhe, kodwa enguNkulunkulu, Wayefanele azi ukuthi ubani oyokwenza, nokuthi ubani ongeke. Niyabo? Njengo-Esawu noJakobe, Wamzonda oyedwa, futhi wathanda omunye ngaphambi kokuba baze bazalwe futhi baba nethuba lokwenza noma yini, ngoba WayenguNkulunkulu, Wayazi zonke izinto.

<sup>45</sup> Manje niyabo, futhi iziphiwo nokubiza kungaphandle kokuphenduka. UJesu wayengenakuzibamba eyiNdodana kaNkulunkulu, Waye—WayeyiNdodana kaNkulunkulu, wamiselwa ngaphambili, wamiselwa ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi ngisho wahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyabo? Kunjalo.

<sup>46</sup> U-Isaya wabona uJohane umBhaphathizi iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, wayesethi, “Uyizwi lomemeza ehlane.” A-hha. Ngabe kunjalo na? Wayengenakuzibamba enguJohane umBhaphathizi, wayenguJohane umBhaphathizi ngoba uNkulunkulu wayemmisele uJohane umBhaphathizi.

<sup>47</sup> Ngikholwa ukuthi kwakunguHezekeli umprofethi, noma, uJeremiya, uJeremiya, ngikholwa ukuthi kwakunguye, umprofethi, ngikholwa ukuthi uJeremiya 1:4, wathi, “Mina, ungakakhulelwa ngisho noma ungakabunjwa esizalweni Ngakwazi, ngakungcwelisa, futhi ngakubiza futhi ngakugcoba umprofethi ezizweni,” ngaphambi kokuba ngisho abunjwe esizalweni sikanina, impela. Niyabo? UNkulunkulu umisile ebandleni, kuqala abaphostoli, abaprofethi, kanjalonjalo.



<sup>48</sup> Manje, lezoziphiwo, lapho uPawulu athi, “Ngi... Khulekelani ngokuthembeka iziphiwo ezedlula zonke,” lokho yiziphiwo zebandla, lokho akusizo izikhundla. Kunesiphiwo, bese-ke kuba yisikhundla. Kunesikhundla, lowo ngumprofethi. Kunomehluko omningi phakathi komprofethi nesiphiwo sokuprofetha. Ngaphambi kokuba isiphiwo sokuprofetha ngempela sinikezwe ebandleni, sizofanele sifike phambi kwabahluleli ababili noma abathathu one—isiphiwo sokubona okufihlakele, ukusho noma kungashiwo ngisho, kodwa awuzange ubone noma ubani ema phambi kuka-Isaya ukuba akwehlulele, niyabo, wazalwa engumprofethi. Kodwa labobaprofethi, babe... babeno-ISHO KANJE INKOSI khona ngqo empilweni yonke. Niyabo? Niyabo, kunenqwaba yomehluko.

<sup>49</sup> Lokho oku, o, ngicabanga ukuthi okudingwa yibandla ngokuhle ngempela, izifundo zangokomBhalo ezintweni, bese kuthi-ke akusekho ukushelela. Uma omunye umuntu esukuma futhi akhulume ngezilimi, omunye unikeza ukuhumusha... Manje, angisuye umahluleli, qhabo, kodwa ngokubona okufihlakele ungakusho, okunye kwakho kuyinyama yodwa, bathi, “Bheka Uyeza. Bhekani Uyeza,” nento ethize efana nokuthi, ngani, impela, sonke siyakwazi lokho, uNkulunkulu wathi, “Ningaphindaphindi ngeze,” wasitshela ukuthi singakwenzi, futhi Wayengeke akwenze.

<sup>50</sup> Ngenkathi ibandla lethu, ngenkathi benikeza elinye lawo, ngenkathi ngiphethe ibandla lami, ngenkathi ngiqala ukuba yiPentecostal, uma isiprofetho sanikezwa, bonke abantu abangeziphiwo bahlangana kuqala, futhi basebenzisa... Bayingxenywe yebandla. Bakhapha, bathi, uma omunye ekhulume ngezilimi, futhi omunye enikeze incazo, kwakufanele kube yinto ethize ngqo ebandleni, kwakufanele kube ngumlayezo, “Tshela uMfowethu uS'bani-bani asuke kulokhu, futhi ungakwenzi lokhu; noma ungabi kulelikhona ngalesosikhathi, ngoba into ethize izokwenzeka,” bese kuthi-ke ngaphambi kokuba lokho kunikezwe ngaleyonkathi, kwakufanele kubonwe ngokubona okufihlakele ngababili noma abathathu abehlukene ababona okufihlakeleyo, futhi babhala igama labo ephepheni base belibeka phezu kwedeski lami, futhi ngilinika ibandla. Uma kwenzeka, makabongwe uNkulunkulu; uma kungazange, beningeke ngibavumele bakwenze baze basuse lowomoya omubi kubo. Kunjalo, kunjalo.

<sup>51</sup> Asidingi ukuba sithathe isibambiso, izibhakabhaka zePentecostal zigcwele okwangokoqobo. Kungani uthatha into mbumbulu ibe ikhona eyangempela lapho na? Impela. Kwenze kube yikho ngempela, khona-ke akukho-kushelela. Niyabo, nikutholile khona lapho.

<sup>52</sup> Omunye wathi, njengokuthi, “ISHO KANJE INKOSI: Tshela uMfowethu Branham, kulobubusuku kuzoba nowesifazane

ongenayo, uvela e-Ohio, uzobe egqoke ingubo ethize, unomdlavuzwa. Kodwa ngenkathi eseyintombazanyana, weba imali esikhwameni semali, akasoze aphulukiswa. Mtshela—mtshela ukuthi akahambe abuyisele leyomali, futhi akulungise, ISHO KANJE INKOSI, uzophulukiswa.” Nakho-ke. Uma bekungekho-mlayezo ngqo kumuntu onjalo, bekuyinyama, asikwemukelanga nhlobo.

<sup>53</sup> Uma-ke ngifika lapha bese ngithi, “INKosi ingitshela ukuthi kukhona umuntu onenkathazo yezinso. Bangaki onenkathazo yezinso na?”

<sup>54</sup> Impela, kukuyo yonke indlu. Ngikubonile lokho kulingiswa kakhulu kwesiphiwo sikaNkulunkulu.

<sup>55</sup> “Omunye uyangitshela, iNkosi iyangitshela, haleluya, ngiyezwa, kunokwethuka, omunye umuntu phakathi lapha unokwethuka.”

<sup>56</sup> Impela, sonke isixuku sinjalo. Qhabo, akusikho lokho. Ubani na? Futhi bavelaphi na? Kwabangelwa yini na? Futhi uzoba yini umphumela na? Niyabo? Lokho ngukulingisa kwenyama, okungokwenyama ebusweni bukaNkulunkulu.

<sup>57</sup> Ukwemukelelani lokho kube kukhona okwangempela na? Kungani ubungakwenza lokho kube kukhona okwangokoqobo na? Ngakho, nakhu okuyikho, niyabo, bese-ke ufinyelela phezulu le, bese udonsa, lesa yisipho, niyabo, umuntu emi lapho. Niyabo?

Ngibheka phezulu, ngithi, “*Hhe!* Ngibone indlulamithi.”

“O, ukwenzile na?”

<sup>58</sup> Manje, niyazi ukuthi lokho kuyini na? Kokwemvelo, manje, nginikhombisa umfanekiso, kokwemvelo, manje, niyabo, mhlawumbe abanye abafowethu, bebengathwala amanzi, banamandla, kodwa kwenzekile ngazalwa ngimude. UNkulunkulu usenza sibe yilokho esiyikho, abashumayeli, abavangeli, abaphostoli, abaprofethi, uNkulunkulu wamisa ebandleni. “Ngumuphi kini ongelekela ebudeni bakhe ingalo ibe nye ngokukhathazeka na?” Ungeke wakwenza. Ungazami ukuba *yilo* lapho uyilowo, uyabo, yiba yilowo onguye nje.

<sup>59</sup> Manje, yini eyenza lokho na? Nguwe lowo owenza lokho wena uqobo, uyabo. Sukuma, “*Hhe!*” Kucishe kungibulale. Uthi, “O, kungukuthi, ngi—ngabona indlulamithi.”

“Yini enye oyibonile na?”

“O, he!” Nakhu ngihamba futhi, ngigxumela phezulu, “*Hhe!* Indlovu.”

“O, ukwenzile na?”

<sup>60</sup> Niyabo, manje lokho kusemsamo, yileyondlela osebenzisa ngayo isiphiwo sikaNkulunkulu. Leyo yinto efanayo eyenziwa owesifazane owathinta ingubo yaKhe. Niyabo? Akazange athi, “Ngenza *ukuthi-nokuthi.*” Wathi, “Ukukholwa kwakho

kukusindisile.” Niyabo? Waqalaza, wathinta ingubo yaKhe, wayesethi, “Ngiyabona kuphumile amandla kiMi.” Waqalaza phezu kwezethameli Waze wamthola, wayesethi, “O, ukukholwa kwakho kukusindisile.” Niyabo? Wathi, “Ngi. . .”

<sup>61</sup> Kodwa manje bhekisisani, ngenkathi uBaba eMkhombisa ukuthi uLazaru wayezofa. . . Manje, khumbulani, uJesu akazange enze neyodwa into uBaba engaMkhombisanga kuqala. Bangaki okwaziyo lokho na? UJohane oNgcwele 5:19: “Ngiqinisile, ngiqinisile,” lokho *ngokoqobo, ngokoqobo*, “Ngithi kini, ukuthi iNdodana ingenze lutho, ize Ibone uYise ekwenza kuqala.” Kunjalo.

<sup>62</sup> Ngakho uBaba waMtshela, “Hamba manje, ngoba uLazaru uzofa, futhi emva kwezinsuku ezine, noma, izinsuku *ezingaka*, abuye emuva, futhi Ngizoba naWe ukuba umvuse futhi.” Niyabo?

<sup>63</sup> Awu, Wahamba, Akazange asho ukuthi Wayeyaphi. ULazaru waqala ukugula, bathumela kuYe, futhi ngani, Wavele nje waqhubeka, niyabo; bathumela kuYe futhi, Wavele nje waqhubeka, wakushaya indiva. Lokho kwakuxakile kuYe, niyabo. Kodwa amadoda aholwa nguMoya kaNkulunkulu, nje—nje yibani nokukholwa futhi nikholwe. Ba—balandela umbono, abakwazi ukukutshela ukuthi wenzeni, bayeke nje.

<sup>64</sup> Ngakho-ke, kutholakala ukuthi, khona-ke emva kokuba uJesu azi ukuthi isikhathi uYise ayeMkhombise ngaso sasigcwalisekile, Wathi, “Umngane wethu uLazaru ulele.”

Wathi, “Awu, uma elele, wenza kahle, myekeni. Awu, lokho kulungile.”

Wathi, “Ufile. Futhi ngenxa yenu Ngiyajabula ukuthi beNgingekho lapho, kodwa Ngiyahamba ngiyomvusa.”

<sup>65</sup> Mbhekisise ethuneni, “Baba, ngiyaKubonga, Wena usuvele. . .” niyabo, “kodwa Ngishilo lokhu ngabo omi eduze,” ukwenza isibonelo nje. Futhi Wabiza uLazaru ethuneni futhi wavusa umuntu e—ekulaleni kwakhe kokufa, wayekade esethuneni izinsuku ezine.

<sup>66</sup> Futhi izinsuku ezine ikhala selivele liwele ngaphakathi, niyakwazi lokho, isidumbu. . . ukonakala kungena emzimbeni. Futhi Wabiza lowomoya walowomuntu ukuba ubuye, futhi wamvusa, futhi waya naye ekudleni kwakusihlwa. Waphila, kunjalo, futhi Akazange asho neyodwa into ngokuba buthakathaka, kodwa owesifazane wathinta ingubo yaKhe, futhi kwaphuma amandla kuYe. Niyabo? Yilapho uBaba ayesebenzisa khona isiphiwo saKhe.

<sup>67</sup> Manje, leyo yindlela efanayo okuyiyo kulenkonzo, ngingaba segumbini lami lasehhotela, uMoya oNgcwele uzosho, noma ndawondawo ekhaya, noma ngabe kukuphi, “Ngena endizeni futhi uye endaweni ethile, wehlele endaweni ethize, uzothola

indawo ethize ongangena kuyo,” kanjalo, nezinto ezinkulu zenzeka; njengalokhu, niyabona ephapheni ngakho, akekho ongakaze azi ukuthi ubani owenza lokho, akakwazi kuze kube manje, kunjalo.

<sup>68</sup> Lapho eDenver ngalesosikhathi, kungenkathi uMoya oNgcwele wangibizela ngaphandle, leyondoda eneTB, futhi wangitshela ukuba ngime lapho kulelokhona lalesositolo sezinto zikasheleni kwaze kwathi leyondoda yehla naleloBhayibheli esandleni sayo kulesosihlalo esinamasondo. Wathi nje: “Into Eyimfihlakalo Iyenzeka: Umuntu Uphulukiswa Esihlalweni Esinamasondo, Nomuntu Uyanyamalala.” Anginyamalalanga, ngadlula ngqo esitolo sezinto zikasheleni, naphandle emhubheni, futhi ngaqhubeka, kunjalo, isikhumulo sezindiza. Kunjalo impela. Niyabo?

<sup>69</sup> Kodwa abazange bazi ukuthi kwakuyini, lezozinto. Ngoba, niyabo, akusikho...Kusiza ngani na? Niyabo, uNkulunkulu uthola inkazimulo, futhi inqobo nje, sizama ukuthatha inkazimulo kumuntu, khona-ke unakho ngokungesikho. Yingalesosizathu ngingabizi abantu phezulu bese ngibeka izandla phezu kwabo, ngithi, “Kwamukele, mfowethu, *lokhu yilokho*.” Lokho kulungile, kodwa lokho kubeka okuningi kakhulu, uthi, “UMfowethu Branham ubeke izandla zakhe phezu kwami. Udumo kuNkulunkulu, ngiphulukisiwe.”

<sup>70</sup> *UMfowethu Branham* akadede kukho. “Ngibone iNkosi uJesu Kristu, futhi Ubeke izandla zaKhe phezu kwami. Ngibeka izandla sami kuYe, ngangingekho ngisho emgqeni womkhuleko, ngavele ngahlala lapho futhi ngakholwa, futhi Waphendula uMfowethu Branham wase esho *ukuthi-nokuthi*.” Nakho lapho okhona. Yilokho-ke, leyo yinto yangempela. Niyabo? Manje, niyabo ukuthi yilowo umehluko-ke.

<sup>71</sup> Manje, lapho ngenyuka ukuba ngithi, “Nakhu kumi owesifazane lapha,” futhi uthi...Ngithi, “unjani?” ngizama ukwenzani na? NjengoJesu wakhuluma kowesifazane emthonjeni, ezama ukuxhumana nomoya wakhe. Niyabo?

Futhi uthi, “Sawubona?” Niyabo, ngibamba umoya wakhe-ke.

<sup>72</sup> Imizuzu embalwa yakho, ukungqangqazela okuxakile kukho, noma into exakile, mina, “O-o, lowo ngu—lowo ngu—lowo ngumuntu othize ozama ukudonsa into ethize, manje awume kancane nje,” bhekisisa ukuthi kwenzekani kubo, bhekisisa nje ukuthi bazokuthwala kanjani bakususe emsamo kancanyana. Niyabo?

<sup>73</sup> Ngi—ngithi, “Unjani?” Khuluma nabo, hamba uyosho okuthize, uyazi, futhi into yokuqala uyazi, uma kungabonakali kuqinisele, ngiyalinda nje-ke, ngibone ukuthi uMoya oNgcwele uthini. Niyabo?

74 Bese kuthi-ke, njengomfo angene emgqeni womkhuleko, agqoke, wayecabanga ukuthi kwakungukufunda ingqondo, ngoba wakubhala ekhadini lomkhuleko, wabhala lapho wayeneTB, nakho konke, uyeza, umugqa, wathi—wathi, “Unjani?”

75 Ngase ngithi, “Unjani, mnumzane?” Futhi wathi. . . Ngathi, “Awu, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?” Niyabo, yilokho iNgelosi eyakusho, “Thola abantu ukuba bakukholwe.”

“Yebo, mnumzane.”

76 Futhi lokho akuzange kuzwakale kahle, akungenanga kahle engqondweni. Niyabo, kimi uqobo nginga. . . ngani, wayeyindoda ebukeya kahle, njengomfo obukeya kahle nje. Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngakhuluma naye, ngathi, “Akukho lutho olungalungile kuwe, uphile saka.”

Wathi, “Unephutha.”

Ngase ngithi, “Qhabo, anginjalo.”

Wathi, “Thola lelokhadi lomkhuleko ezansi lapho, futhi ubuke,” wathi, “NgineTB, umdlavuzo,” konke, konke ayekubhalile.

Ngathi, “Angikhathali ukuthi unani kulelokhadi lomkhuleko,” ngathi, “akukho lutho olungalungile kuwe.”

Wathi, “Awu, nginakho ekhadini lami lomkhuleko.”

Ngathi, “Lokho akulimazi. . . Angikhathali ukuthi ubhalani ekhadini lakho lomkhuleko, lokho akusho lutho, uyabo, kuyilokho okushiwo nguMoya oNgcwele.”

Futhi wathi, “Awu, kuyikho. . .”

Ngathi, “Awu, mhlawumbe ubenokukholwa okwenele ukuthola ukuphulukiswa ngaphambi kokuba ungene emhlanganweni. Ngi. . .”

Wathi, “Futhi kungaleiyondlela!”

77 Futhi ngacabanga, “Kwenzekani lapha na?” Wayebukeka sengathi wayeyindoda engumKristu. Ngaqalaza, lapho ngabuka ngale odongeni, njengakulendlela, futhi lapho ngikubonile, kuphuma. Futhi ngaphendukela kuye, abaningi abahlezi lapha manje wayesemhlanganweni ngqo ngenkathi kwenzeka, futhi nga—ngathi, “Kungani—kungani ungavumela udeveli afake into enjengaleyo engqondweni yakho na?” Ngathi, “Manje, uyibandla elithize,” ngeke ngilibize igama, “elinga. . . elikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Futhi wawusemhlanganweni ngobunye ubusuku futhi wangitshela, futhi—futhi wathi phakathi kwakho, njalo, ukuthi lokhu kwakungelutho kodwa ukufunda ingqondo.”

78 Futhi ngathi, “Leyondoda ehlezi khona lapha kuvulandi osesitezi ifake uthayi obomvu, isudu empunga, wawusendlini yayo ngobunye ubusuku, wawuhlezi etafuleni linendwangu

idonswe *kanje*, futhi ucabangile engqondweni yakho ukuthi ubuzokwehlela lapha futhi ukubhale lokho ekhadini lakho lomkhuleko, ungena lapha.”

Naleyondoda yamezeza kakhulu futhi yathi, “Lelo yiqiniso eliphilayo,” ihlezi phezulu emsamo, kanjalo.

<sup>79</sup> Futhi ngathi, “Ngenxa yokuthi ushilo, futhi wafaka lokho ekhadini lakho lomkhuleko, manje usunakho.” Futhi yafa cishe emavikini ayisithupha kamuva. A-hha.

<sup>80</sup> Niyabo, asidlali isonto, siphila eBukhoneni bukaMoya oNgewe. Niyamkhumbula u-Ananiya, uSafira, kungcono nibeqotho, futhi nilungise kuNkulunkulu ngaphambi kokuba nizame lokho. Khumbulani, “Kuyinto esabekayo ukuwela ezandleni zikaNkulunkulu ophilayo.” Niyabo?

<sup>81</sup> Nakho lapho okwakukhona, kufika phezu kwayo ngqo, nokuxilongwa kodaba nakho konke, kwakhombisa ukuthi yayinakho kokubili umdlavuza neTB. Yakusho, yona, namazwi ayo ayafezeka, kunjalo impela nje, yabeka uphawu ukulahlwa kwayo uqobo, impela nje.

<sup>82</sup> Njengoba kwenza uDavide ngenkathi ema phambi kukaNathani, futhi wathi, “Umuntu uyokufa nokufa.” Niyabo, uzodingeka akukhokhele, niyazi ukuthi uNathani wantshelani, wabeka uphawu ukulahlwa kwakhe uqobo. Ngakho, kusenguNkulunkulu ofanayo, a—asikhonzi omunye uNkulunkulu ovela kolunye usuku. Manje, kukanjalo, ngakho nje yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

<sup>83</sup> Manje, cishe imizuzu eyishumi ngifuna ukuvala ngo*Jehova-Jira*. Niyavuma ukulinda imizuzu embalwa nje na? Niyavuma na? Kulungile, ngiyazi u. . . Ubhontshisi ngeke ushe, futhi uma wenza, ngeke—ngeke. . . lokhu—lokhu kuzokusiza.

<sup>84</sup> Manje, izolo ebusuku siMshiyile, uJehova-Jira, isibusiso, u-Abrahama noSara, futhi wayebanike i—isithembiso somfana omncane, futhi wayebaphendulele ekubeni yinsizwa nowesifazane. Niyakukholwa lokho na? Impela, Wadingeka enze okuthize ukumqinisa, ngakho Wavele wamfulathela, ngoba kwakhombisa, zona impela izingxenyane ezingehlukaniseki zalokho akwenzayo kwakhombisa ukuthi wayesemusha, owesifazane omuhle futhi.

<sup>85</sup> Futhi khumbulani, ake nginikhombise okuthize, u-Abrahama wayeneminyaka eyikhulu ubudala, futhi waphila waze waba neminyaka eyikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlano ubudala, futhi emva kweminyaka engamashumi amane, emva kokuba u-Isaka wayeseneminyaka engamashumi amane ubudala, u-Abrahama waganwa ngomunye wesifazane futhi waba namadodana ayisikhombisa ngaphandle kwamadodakazi. Amen. Impela, wakwenza. Ngabe kunjalo na? Ngakho, niyabo, Wamphendula waba yinsizwa, wamphendula waba yinsizwa. Anijabuli yini ukuthi ningabantwana baka-

Abrahama na? Yilokho Azosenzela khona ngoluny'usuku ekuFikeni kwaKhe.

<sup>86</sup> Manje qaphelani, ngokushesha manje, sizoshaya esigxotsheni esiphakeme sakho uma singakwazi. Manje, sithola ukuthi masinyane emva kwalokho, lowo-Isaka omncane wazalwa. UNkulunkulu wamphendula waba yintombi ethandekayo, naye owesilisa waba yinsizwa, no-Isaka omncane wazalwa. Kwase kuthi-ke ngenkathi u-Isaka eba cishe neminyaka eyishumi nambili ubudala... Sengathi ngiyambona omuhle, omncane, umfana ongumJuda. Futhi umuzwa onje pho lokho okwakuyikho kulowomama nobaba, emva kwayo yonke leminyaka ukuba nesiqiniseko!

<sup>87</sup> Lapho uNkulunkulu eke ekuphendulele umkhuleko kanye, khona-ke uyazi ukuthi UnguNkulunkulu ophendula umkhuleko. Ngabe kunjalo na? Manje, bangaki lapha omukele uMoya oNgewele na? Phakamisani izandla zenu, wonke lowo onoMoya oNgewele. Manje, ungakungabaza kanjani ukuphulukiswa na? Bangaki lapha abake baba nomkhuleko waphendulwa na? Ake sibone. Impela. Khona-ke UnguBaba ophendula umkhuleko, Akasuye na? Nakho lapho okhona. Uyawuthola umqondo na? Uma kukhona okudingayo, cela. Nintula ukuhlakanipha, celani kuNkulunkulu, niyabo, Uzonipha khona.

<sup>88</sup> Manje, u-Abrahama wayazi ukuthi wayebambebele kulesosithembiso, futhi Wayesenze safezeka. Niyabo? Ngakho, niyabo umfana omncane wazalwa.

<sup>89</sup> Ngakho, iNkosi yathi, “Manje, Ngizokwenza labobantu ezansi lapho kwi-Assemblies of God ezansi eLong Beach, cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu kusukela manje, Ngizobanika isiqiniseko sangempela, futhi ngazise yonke iNzalo ka-Abrahama ukuthi—ukuthi NginguNkulunkulu ophendula umkhuleko, futhi Ngiyazigcina izithembiso zaMi kubantu baMi.”

<sup>90</sup> Ngakho Wathi, “Ngizothatha u-Abrahama, ngoba ngiyazi uyaNgikholwa, futhi ngizocela... Sengimtshelele ukuthi Ngiyomenza ubaba wezizwe, walinda iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, kuze kube manje useneminyaka cishe eyikhulu namashumi amane-nanhlanu ubudala, noma, iminyaka eyikhulu neshumi nambili ubudala,” ndawondawo kunjalo, “manje Ngizomtshela ukuba athathe lomfanyana abemlindlele, futhi amkhuphule futhi ambulale. U-Abrahama uzoNgilalela.”

<sup>91</sup> Manje, ukuvinywa okunje pho okwakuyikho ku-Abrahama! Cabangani ukuthi lokho kwakuyini. Manje sikuGenesisi 22. Manje, njengoba engazange, mhlampe, wayengafuni ukutshela uSara, wayengafuni ukuhamba futhi amtshela, “Sara, ngizobulala u-Isaka kulokhu ukusa,” qhabo, wayengafuni ukwenza lokho, ngakho wavele nje wavuka kusesekuseni, wayesegawula ukhuni, walucanda, umBhalo uthi,

wakufaka e, mhlawumbe esakeni elincane lohlobo oluthize, wayeselibeka phezu komhlane womnyuzi, futhi wathatha inceku, futhi wathatha u-Isaka, futhi bahamba uhambo lwezinsuku ezintathu.

<sup>92</sup> Manje, noma yimuphi umuntu, ngingahamba noma yiluphi usuku, amamayela angamashumi amathathu, ngangivame ukugada, ngahamba iminyaka eyisikhombisa amashumi amathathu namashumi amathathu nanhlanu amamayela nsuku zonke ehlane, futhi manje sinezinyawo zikapetroli. Futhi amadoda ngalezozinsuku lapho ayedingeka ahambe khona nomaphi lapho efika khona, u-Abrahama wayengahle mhlawumbe, esimweni sakhe sobusha ngaleyonkathi, mhlawumbe wayengahamba amamayela ayikhulu, kalula, ngezinsuku ezintathu.

<sup>93</sup> Manje, bukani, kusukela empucukweni, usemuva ngezinsuku ezintathu, wase-ke ephakamisa amehlo akhe wayesebona intaba ikude, lapho iNkosi eyayimkhombisa khona. Manje bhekisisani lapho aya khona.

<sup>94</sup> Manje, khona-ke lapho esondela lapho, wamisa iminyuzi emincane, wayeseyibopha, wathatha izinkuni wayesezibeka ehlobo lika-Isaka. Futhi wathi...Manje lalelani lokhu, o, lokhu kuhle kakhulu! Kungukuthi...Ngifisa sengathi nje besinesikhathi esiningi kulokhu. Niyabo? Kuhle kakhulu! Wathi, "Lindani lapha neminyuzi; mina nomfana sizoya ngaleya ukuyokhonza, futhi sizakubuya."

<sup>95</sup> Uzobuya kanjani na? Uzombulala. Uzobuya kanjani na? Kodwa lokho i...Thathani ngale kumaHeberu lapho, uma nje besinakho, noma, ngale kwabaseRoma isahluko 4, ukuba nje besinesikhathi ukuba sedlule kukho! Kepha u-Abrahama washo lokhu enhliziyweni yakhe: "Ngamamukela njengovela kwabafileyo, futhi ngiqinisekile ngokugcwele ukuthi uNkulunkulu unamandla okumvusa kwabafileyo."

<sup>96</sup> Umfanekiso ophelile kaNkulunkulu enikela iNdodana yaKhe ezelwe yodwa, niyabo. U-Abrahama enikela ngo-Isaka, uNkulunkulu enikela ngeNdodana yaKhe, futhi enza isiqiniseko, ngoba uNkulunkulu wayesevele emtshelile, "Ngikwenzile, Ngikwenze uyise wezizwe." Manje, Wayesevele emnikeze isithembiso, futhi wayazi ngaphandle kwethunzi elilodwa lokungabaza, ukuthi wayezoba nguye, wayesevele enguye. Hhayi ukuthi "Ngizo," "Ngikwenzile, seNgivele ngikwenzile."

<sup>97</sup> Futhi yileyondlela ukuphulukiswa kwakho okungayo, Usevele ukwenzile, yinye kuphela into esele kuwe ukuba uyenze, kwemukele. Kungaleyondlela ngensindiso yakho, yinye kuphela into ofanele uyenze, kwemukele.

<sup>98</sup> Ngifunda leyondatshana kulokhu ukusa yalowo*Mbhali WeBaptisti*, njengoba umfowethu ubekhipha, ngaqaphela



lowomshumayeli weBaptisti wama futhi wayibuka, wayibuka liyisikwele ebusweni, wathi, “Ngifuna lesosibusiso sePentecostal.” UNkulunkulu akabheki buso bamuntu, ngamany’amazwi. Futhi wakwemukela. Futhi wayenemihlangano emikhulu eChicago noMoody, futhi wayengumfundisi weBaptisti ovelele.

<sup>99</sup> Ngoba uma uNkulunkulu ekwazisa, ukuthi kungokwakho, khona-ke ngokwakho, kungokwakho. Uma uyisoni, neNto ethize ithi, [UMfowethu Branham unggongqotha epulpiti—Umhl.] “NgiyiNkosi ekusindisayo,” lelo yiPhimbo likaNkulunkulu, phenduka, uLinake, uLemukele futhi uhambe uqhubeke. Uma Engangqongqothi neze, ngani, ungeke nje wakwenza. Ngakho, akusuye othandayo, noma ogijimayo, nguNkulunkulu okhombisa umusa. Kunjalo. Niyabo, uma uNkulunkulu engqongqotha enhliziyweni yakho, leyo yinhlanhla enkulu kunazo zonke owake waba nayo kuyo yonke impilo yakho, noma ubani owake waba nakho, ngokukaNkulunkulu ukuba akunike isimemo sokuba uze kuYe.

<sup>100</sup> Manje, sithola ukuthi u-Abrahama wayenokukholwa, ngoba wayelinde umntwana iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, futhi manje uNkulunkulu umtshela ukuthi athathe umntwana ofanayo futhi ambulale. Manje, lokho kwakuyisivivinyo esinjani pho! Kodwa u-Abrahama akazange angabaze ngesithembiso sikaNkulunkulu, wathi, “Uma uNkulunkulu enginika yena evela kwabafileyo, uNkulunkulu unamandla okumvusa kwabafileyo, ngiqhubeka ngqo, ngoba Wangitshela ukuthi nganginguyise wezizwe.”

Manje ngibona udeveli ezama ukuhlala ehlombe lakhe, wayesethi, “Abrahama, uma . . . uyazi ukuthi uyamthanda uNkulunkulu.”

“O, yebo, ngiyamthanda uNkulunkulu.”

<sup>101</sup> “Awu-ke, uma uMthanda, ububhubhisa kanjani bona kanye u—ubufakazi obubonakalayo nento kuphela engaba yikho, ukuthi ube ngubaba wezizwe na?” Niyabo? “Uzokwenza kanjani lokho na? Uzoba kanjani ngubaba wezizwe uma ubhubhisa eyakho . . . ? Inzalo kuphela onayo yilomfana othenjiswe ngalona wesifazane. Futhi manje, uzokwenza kanjani na?”

“Awu, uma uNkulunkulu wangitshela ukuthi ngangingubaba wezizwe, lokho kukuYe ukukwenza. UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula.”

Uyawuthola umqondo na? “Ngizoba kanjani, ngiphulukiswe uma udokotela engitshela ukuthi ngizofa na?”

UNkulunkulu washo njalo, nalokho kuyakuxazulula. Yilowo umqondo.

“Ngizokwenza kanjani *lokhu* na?” “Ngingafinyelela kanjani phezulu maphakathi nomoya futhi ngithole *into ethize*, futhi izokwehla, izakhi, futhi ingiphulukise na?”

<sup>102</sup> A—angazi. Wafinyelela kanjani phezulu lapho futhi wathola *into ethize* eyakusindisa na? Yilokho-ke. Niyabo, lokho kukhulu kunokuphulukisa, kukhulu kakhulu kunokuphulukisa, ngoba kuguqula isimo sakho sonke, kuguqula umqondo wakho, kuguqula imicabango yakho, kuguqula yonke into kuwe, ngakho kukhulu kanjalo.

<sup>103</sup> Manje, kodwa u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu. Manje, bhekisisani ukuthi kwenzekeni. O, ngicabanga ukuthi lokhu kuhle. Manje bhekisisani, u-Abrahama akazange athwale izinkuni yena uqobo, wabeka izinkuni emhlane ka-Isaka, niyabo, kukhombisa nje ukuthi eminyakeni engamakhulu ambalwa emva kwalokho, ukuthi uKristu, iNzalo ka-Abrahama yeqiniso, yayizothwala umhlatshelelo waYo uQobo ivimbele iGolgotha. Lapho ubona uJesu enyukela eGolgotha, noma, ngiqonde u-Abrahama ne—nendodana yakhe encane, u-Isaka, enyuka, no-Isaka ephethe lezizinkuni, lokho kwakuyisibikezelo sikaJesu Kristu enyuka eGolgotha, eya ku sacr- . . . ukulalela.

<sup>104</sup> Futhi, niyazi, u-Isaka omncane uqala ukuba nokusola, wayesethi, “Baba,” wathi, “sinomlilo lapha, sinezinkuni lapha, sinayo yonke into isimi ngomumo, kodwa liphi iwundlu, umnikelo wokushiswa na? Kuphi na?” Uqala ukuqalaza, “Ngibona yonke into ngaphandle kwento eyodwa.” O, he! “Kuzoba kanjani na?”

<sup>105</sup> Futhi bukani iphimbo eliqinile lika-Abrahama, ukuthi wayiphendula kanjani indodana yakhe, niyabo, akazange, mhlampe, wayengazi ukuthi wathini, wathi, “UNkulunkulu uzohlinzeka iwundlu lomnikelo wokushiswa.” UNkulunkulu uzohlinzeka. U*Jehova-jira*, “INKosi izoZibonela umhlatshelelo.” O, ngiyakuthanda lokho, anikuthandi na?

<sup>106</sup> “Ngizokwenza kanjani, Mfowethu Branham na? Ngidlule emigqeni yomkhuleko, ngenze *lokhu*, ngenze *lokho*. Ngingakwenza kanjani na?”

UNkulunkulu uzohlinzeka.

“Uzokwedlula kanjani kulokhu na? Usho kanjalo, uyazi ukuthi uzenza izisulu na? Ngi . . .”

Kodwa uNkulunkulu uzohlinzeka. Yilokho kuphela.

“Wazi kanjani lapho umi emsamo lokhu . . .?”

<sup>107</sup> UNkulunkulu uzohlinzeka. Yilokho kuphela engikwaziyo. Wakwethembisa, sithatha iZwi laKhe, siyaLikhholwa. Lokho kuyakuxazulula, yilokho kuphela, suka kukho. Isizathu uNkulunkulu washo njalo, lokho ngukuthi, kufanele nje kube ngaleyondlela.

108 Nakho kwahamba bobabili ndawonye bekhuphukela entabeni, ekugcineni bafika endaweni, wagingqa amadwala ndawonye, wabeka izinkuni ngokulandelana kwazo. Futhi bhekisisani u-Isaka omncane, elalela kuze kube sekufeni, njengoba uKristu wayenjalo. Adonse izandla zakhe ngemuva kwakhe, azibophe, abophe izinyawo zakhe, futhi wabeka lomfana omncane phezu kwalapho, indodana yakhe ezelwe yodwa, inzalo eyayizoba ngeyethenjsiwe, wamlalisa phezu kwe-altare, waphulula izinwele zakhe ezincane zasuka ebusweni bakhe, obukeyayo, umfanyana. Uzothini umama lapho ufika ekhaya bese usho ukuthi udingeke ubulale leyondodana na? Kodwa uNkulunkulu uzohlinzeka, inqobo nje uma ulalela iZwi laKhe.

109 Waphosa ikhanda lakhe elincane emuva *kanjalo*, wafinyelela phansi esifubeni sakhe, wakhumula i...ummese emgodleni wawo, futhi wawuphakamisa *kanjalo*, waphululela emuva izinwele zakhe emuva *kanjalo*, futhi enhliziyweni yakhe eminyana, futhi ekugwinya kubuyele emuva, kungukuthi, “Uhambe kahle, Isaka, mfana wami,” waphakamisa isandla sakhe, futhi cishe ngalesosikhathi, ngokulalela okugcwele, ngisho noma wenza into engalungile futhi uhamba ngokulalela, uMoya oNgcwele ulapho ukukumisa.

110 Wena uthi, “Ngiyesaba uma ngike ngemukela uMoya oNgcwele, ngingahle ngenze ngokuhlazisayo.”

111 Ungakhathazeki, uma KunguMoya oNgcwele, Uzokwazi ukuthi akumise nini, nokuthi akuqalise nini, Unenkinobho esandleni saKhe, niyabo, ngakho Uyazi ukuthi uvule nini futhi uvale nini, vele uziphose nje emseni waKhe.

112 Yileyondlela owenza ngayo ngokuphulukisa, ziphose wena emseni waKhe, Wakwethembisa, yiZwi laKhe, Uzofanele—Uzofanele agcwalise iZwi laKhe, uma Engakwenzi, Akasuye uNkulunkulu.

113 Ngakho siyathola-ke, lapho nje eqala ukugwaza indodana yakhe uqobo encane ukuba ife, uMoya oNgcwele ufanele ukuthi wabamba isandla sakhe, wathi, “Abrahama, Abrahama! Bamba isandla sakho, Ngiyazi manje ukuthi uyamesaba uNkulunkulu, Ngiyazi ukuthi uyaNgithanda.”

114 Futhi kwenzekani na? Ngalesosikhathi, wezwa into ethize emva kwakhe, futhi kwakukhona inqama, leyo yimvu yeduna, eyayibambeke ezihlahleni ngezimpondo zayo.

115 Manje ngifuna ukubuza iklasi okuthize ekuvaleni: Yavelaphi leyonqama na? Wayegingqe amadwala nxazonke lapho, futhi wenza i-altare, futhi wakha izinkuni, nakho konke, yavelaphi na? Okungenani wayeqhele ngamamayela angamashumi ayisikhombisa nanhlanu ukusuka empucukweni, uhambo lwezinsuku ezintathu, kukhona amabhubesi, ojakalase, zonke izinhlobo zesandle, izilwane ezinolaka phakathi lapho,

beziyovele nje zidle izimvu, nezinto ezinjalo. Yayingeke isinde kuyo, akukho-mpucuko lapho. Yavelaphi inqama na?

<sup>116</sup> Manje, enye into, iphezulu le esiqongweni sentaba lapho okungekho-manzi khona. Yayingake ifinyezele kanjani lapho na? Kwakuyini na? Lokho... Indikimba iyakuchaza, UnguJehova-Jira, Wakhuluma inqama yaba khona. Manje, kwakungesiwo umbono, umbono awophi. Wahamba futhi wathatha inqama, wayibeka phezu kwe-altare, futhi wayinquma umphimbo wayo, negazi laphuma kuyo. Kwakungesiwo umbono, kwakuyinqama.

<sup>117</sup> Futhi yingalesosizathu u-Abrahama wabiza igama lendawo ngokuthi *Jehova-jira*. Uma uNkulunkulu enze isithembiso, uNkulunkulu angahlinzeka into yalesosithembiso. U*Jehova-jira*, “INkosi izozibonela Yona uqobo.” Leyonqama yakhulunywa yaba khona ngomzuzu owodwa, ngomzuzu olandelayo yafa, kodwa yagcwalisa inhloso kaNkulunkulu.

<sup>118</sup> Futhi uNkulunkulu unamandla, kulokhu ukusa, ukuthumela phakathi kwethu uMoya oNgcwele, Uyakwazi ukuthumela amandla ukuphulukisa abagulayo, ukusindisa abalahlekile, nokwenza *noma yini* Akhulume ukuba ibe njalo. “Angakwazi kulawamatshe,” kwasho uJohane, “ukuvusela u-Abrahama abantwana.”

<sup>119</sup> Nesithunywa seqiniso esivela kuNkulunkulu siyakukholwa lokho futhi sibambelele kulokho. U*Jehova-jira*, “UNkulunkulu uzohlinzeka.”

Lapho uNkulunkulu esho noma yini, “Kuzokwenzeka kanjani, Mfowethu Branham na?”

Angazi, akusiwo umsebenzi wami ukwazi, uNkulunkulu uzokuhlinzeka. UNkulunkulu uzozihlinzekela Yena uqobo.

<sup>120</sup> “Manje, buka lapha, Mfowethu Branham, udokotela wathi nganginomdlavuzi, futhi wangitshela ukuthi ngangizofa, nginezinsuku ezingamashumi amathathu ukuba ngiphile, wathi ngangizofa. Manje, kanjani ezweni kukhona *iNto ethize* engingayiboni, ngiyithinte, ngiyizwe, ngiyihogele, ngiyinambithe, nanoma yini enye, kanjani ezweni *iNto ethize* enjalo izosusa lomdlavuzi kimi na? Yini ezokwehlela lapha futhi ngempela isuse lowomdlavuzi na?”

Angazi, kodwa uNkulunkulu wakwethembisa, futhi uNkulunkulu angahlinzeka okuthile ukukwenza.

<sup>121</sup> UNkulunkulu uzohlinzeka, UnguJehova-Jira, UnguJehova-Jira kakhulu impela njengamanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. UsenguJehova-Jira, iNkosi izozihlinzekela Yona indlela yokwenza iZwi laYo lifezeke. Amen. Uma amaPentecostal engeke akwemukele, uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe; uma amaBaptisti engakufuni, khona-ke uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe.

<sup>122</sup> Ngiyakhumbula ngenkathi iNgelosi yeNkosi ihlangana nami phandle lapho ngalobobusuku, ngenkathi Yehlela emfuleni lapho futhi yakhuluma lawomazwi ngaphambi kwabantu cishe abayizinkulungwane eziyishumi. Yangitshela, yathi... Niwuzwile umlayezo, kusencwadini lokho Eyakusho. Bukani ukuthi impela kanjani, ngokuphelele izwi ngezwi kufezeka, impela, impela nje amazwi Eyawasho cishe eminyakeni engamashumi amathathu nanye eyedlula, yangitshela ukuthi ngiyoyaphi, nokuthi ngenzeni, nokuthi bekuyobangela ini. UNkulunkulu wathi...

<sup>123</sup> Futhi ngaya kumelusi wami oyiBaptisti futhi ngamtshela, wathi, “Ngemfundo yebanga lesihlanu na? Futhi uzoshumayela iVangeli emhlabeni jikelele, futhi wenze izimangaliso nezibonakaliso na?”

Ngathi, “Yilokho Eyakusho.”

Wathi, “Billy, wadlani ngalobobusuku okwesidlo sakusihlwa na?”

Ngathi, “Ngingavele ngiliyeke ikhadi lami lenhlanganyelo khona manje, ngoba ukuKhanya nobumnyama ngeke kwahlanganyela ndawonye.” Kunjalo impela.

Wathi, “Ucabanga ukuthi ubani oyokukholwa na?”

<sup>124</sup> Ngathi, “Uma uNkulunkulu engithuma, uNkulunkulu uzoba nomuntu othize phandle lapho ukuba emukele uMlayezo, ngoba uNkulunkulu akakwenzeli ize.”

<sup>125</sup> Khona-ke ngenkathi ngithola amaPentecostal ngenza inkatho yami nawo, kunjalo impela, ngoba babekukholwa, babekade bekubhekile, bakukholwa ukuthi kuyiqiniso. “UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe.” Yebo, mnumzane.

<sup>126</sup> Ngakho uma uNkulunkulu ethumele uMlayezo, uNkulunkulu wakwethembisa eBhayibhelini, uNkulunkulu wathi Uyokwenza, Wethembisa ukuthi Uyokwenza, Wathi, “Lezizibonakaliso...” Washo zona kanye lezizibonakaliso nezimangaliso ziyokwenzeka njengoba kwakunjalo ngezinsuku zaseSodoma.

“Kuzokwenzeka kanjani na?”

Angazi, ngeke ngakutshela. Wethembisa ukuthi Uyothumela zonke lezizinto, futhi nazi ziyenzeka.

“Kusebenza kanjani, Mfowethu Branham na?”

Ngifisa sengathi ngangazi, angazi, kodwa uNkulunkulu wakwethembisa, futhi uNkulunkulu unguJehova-Jira, Angahlinzeka indlela yokuba kwenziwe. Amen.

<sup>127</sup> Ubengakuhlinzeka enhlanganweni, ngaphandle kwenhlangano, noma—noma ngabe yini Afuna ukuyenza, Angenza lokho Afuna ukukwenza ngoba UnguNkulunkulu,

uJehova uNkulunkulu. “Angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe.” UnguJehova-Jira.

<sup>128</sup> Ngifuna nigcine lawomazwi engqondweni yenu manje, nginihlalise imizuzu engamashumi amabili ngaphezulu, kodwa ngifuna nizigcine lezozinto engqondweni yenu.

“UNkulunkulu uzongiphulukisa kanjani na?” “Umama wami, Mfowethu Branham, ugula kakhulu.” “Ingane yami igula kakhulu, *lokhu yilokho*.”

“Ungabasiza na?”

“Qhabo, akukho-nto engingayenza.”

“Awu, uthe kanjani . . .?”

“Awu, uNkulunkulu angakwenza.”

“Awu, Uzokwenza kanjani lokhu na? Lengane yazalwa ngalendlela.”

<sup>129</sup> Ngibone izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane ezazalwa zihluphekile, ikhanda elinamanzi, osontekile, nakho konke okunye, lokho kusesimeni sakho ngokuphelele futhi kukahle namhlanje.

“Wakwenza kanjani na?”

<sup>130</sup> Angazi. Into kuphela engiyaziyo, UnguJehova-Jira, iNkosi ihlinzeke uMhlatshelo, iNkosi ihlinzeke i-iWundlu. Khumbulani, kwakungesiyo imvu yensikazi, kwakuyinqama; uJesu wayenguMuntu, uMuntu wayenguNkulunkulu, uMuntu, uNkulunkulu wayehlala phakathi. Futhi WayeyiNqama yomhlatshelo, futhi Usevele uhlinzekele, asidingi ukulinda Yena ukuba afike, noma *into ethize-enye* ukuba umhlatshelo uhlinzeke, usuvele uhlinzeekiwe. Futhi into kuphela esifanele siyenze ngu—ngukubeka ithemba lethu nokukholwa eMhlatshelweni kaNkulunkulu osuvele uhlinzeekiwe.

“Wazi kanjani ukuthi Uhlinzeekiwe na?”

Awu, Nangu, khona phakathi kwethu, enza izinto ezifanayo Azenza emhlabeni. Amen. NiyaMthanda na?

Asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>131</sup> Nkosi Jesu, kwangathi kungedlule phezu kwekhanda labantu, Nkosi, kwangathi kungehlela phansi ngqo kuyo yonke inhliziyu. Kwangathi singabona uMoya waKho omkhulu uhamba kulezizethameli kulobubusuku, futhi sibone abantwana bakaNkulunkulu abalele lapha begula, futhi bengaphezu kokulawula kodokotela . . . SiyaKubonga ngodokotela bethu, nalo lonke ulwazi abanalo, kodwa, Nkulunkulu, ngaphezu kwakho konke siyaKubonga ngoJesu Kristu.

<sup>132</sup> Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzovumela ngamunye namhlanje, lapho beya ekhaya, futhi batadishe, futhi babize omakhelwane, futhi bakhiphe labobantu lapha ngelesithupha nqo, kulobubusuku. Kwangathi uJehova

uNkulunkulu angabahlinzekela indlela ukuba beze; Usenguye uJehova-Jira.

“Ngingake ngibathole kanjani ukuba beze na?”

Nkosi, uma sizokwenza ingxenye yethu, Uyakwazi ukuhlinzekela ingxenye yaKho. Kwangathi kungaba njalo Baba.

<sup>133</sup> Phulukisa abagulayo, sindisa abalahlekile, thola inkazimulo kuWe uqobo, ngokuba konke kungokwenkazimulo yaKho, Nkosi. Akulutho kithina, thina nje, thina, ngukuzwelana kwethu, ehliziyu yethu, sizwa ukuthi bekungabasiza abantu, kuyinto ethize yokusiza ibandla. Kungani besingaba lapha na? Bekungaba ngcono kakhulu kimi ukuba ngibe sekhaya kulokhu ukusa etabernakele lami, futhi nomkami nezingane, kunalabo abangishayela ucingo bekhala, benesizungu na?

<sup>134</sup> Futhi, O Nkulunkulu, ngabe ngichithe iminyaka engamashumi amathathu nanye yempilo yami phandle ensimini lapha, bekungaba lula kanjani kimi ukuya ekhaya, kodwa, Nkulunkulu, *iNto ethize* phansi enhliziyweni yami ithi, “Hlala lapho kuloloGu lwaseNtshonalanga lapho isono sanda khona. Hlala lapho lapho udonga lwasepumalanga nasentshonalanga luhlangana khona, futhi njengomoya ushanela unqamula, futhi uphephetha ukonakala kuloluGu lwaseNtshonalanga lapha, lapho izinkoloze, nezinto, okungaziwa kwenye indawo emazweni.”

<sup>135</sup> Nkulunkulu, kungani sime lapha na? Ngoba ngukuthunywa kwaKho. Sizozidiliza kanjani izindonga na? Angazi, Nkosi, kodwa Wena unguJehova-Jira ongaZihlinzekela indlela. Sizoma e...ngoba ezinhliziyweni zethu, siyezwa ukuthi singasiza elaKho eliyigugu, iBandla elincane elizabalaza ngapha kulolugu phakathi kwabo bonke lobubukhazikhazi baseHollywood, nakho konke lokhu okunye.

<sup>136</sup> Nkulunkulu, ngandlela thize, Uzobiza abaKhetiweyo baKho. “Labo Ayebazi ngaphambili, Wababiza; labo Ababizile, Ubalungisisile; labo Abalungisisile, Ubakhazimulisile.” Nkosi, balapha ndawondawo, khuluma kubo Nkosi, njengoba sisebenza futhi sisebenza ngothando uku-ukukhipha iBandla laKho enxushunxushwini. Siphe khona, Baba.

<sup>137</sup> Sibanikela kuWe, futhi sizinikela kuWe, ukuthi Uzosebenza ngathi ukuze sibe yisibonelo kulaba omakhelwane, amanye amabandla, nabanye abantu ngalapha bazobona impilo yamaPentecostal, bazobona ukuthi bangabantu abehlukile, bangabantu abayingqaba, ubupristi bobukhosi, isizwe esingcwele. Nkulunkulu, siphe khona. IBandla laKho malingeweliswe futhi libekwe eceleni, libizelwe ngaphandle, lehlukaniswe nalo lonke izwe. Siphe khona, Nkosi, abantu abayingqaba, izibonakaliso nezimangaliso zisebenza ngabo,

emikhulu, imihlangano ekhazimulayo, namandla, khona-ke bazokwazi ukuthi kukhona okwehlukile.

<sup>138</sup> Wena wathi, “Ningusawoti womhlaba, kodwa uma usawoti edumele, uyakwenziwa uphume.” Abantu bazothi nje, “Awu, wena okhuluma ngokuFika kukaKristu, futhi buka ukuthi wenzani; futhi uthi wehlukile, asiboni mehluko kuwe.”

<sup>139</sup> O Nkulunkulu, vala umlomo wabahedeni. Siphe khona Nkosi. Yenza iBandla laKho lehlukelwe kakhulu, libe nosawoti kakhulu baze abantu bathi, “Uma kwake kwabakhona isigejane samaKristu, *nakho* lapho sikhona. Behluke ngokuphelele.” Siphe khona, Nkosi.

<sup>140</sup> Futhi Wena wathi, “Uma Ngiphakanyiswa, Ngiyodonsela bonke abantu kiMi.” Futhi kwangathi thina ezimpilweni zethu, nobufakazi bethu, siKuphakamise, ukuze izwe libone uMsindisi wezwe. Siphe khona, Jehova-Jira omkhulu, ngokuba siyakucela, eGameni loMhlatshelo waKho ohlinzekiwe, iNdodana yaKho uQobo, uJesu Kristu. Amen.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda  
Ngoba Wang’thanda kuqala  
Wang’thengel’insindiso  
Emthini waseKalvari.

<sup>141</sup> O, lokho akwenzi yini okuthize kuwe na? [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng’yaMthanda—Umhl.*] Besingenzani ngaphandle kwaKhe na? Ukuba-ke wayengekho uJesu na? Bengingenzani namhlanje na? Bengingayaphi na?

<sup>142</sup> Wena, O Nkosi, unamaZwi okuPhila okuPhakade, ngiphendukela kuWe. Makuthi izwe lenze abakufisayo, kodwa Wena unokuPhila okuPhakade, manginamathele kuWe, Baba wami.

<sup>143</sup> Ukuba-ke kwakungekho uBaba, kwakungekho uJesu, kungekho-thando nje, kungekho mathemba, ngangiyokwenzenjani na? Yini ebesingayenza na? O, angikwazi, ukuba benginezilimi eziyizinkulungwane eziyishumi, bengingeke ngizwakalise ukuMdumisa okuphuma enhliziyweni yami. Into kuphela engingayenza ngukuthi:

Ng’yaMthanda, ng’ya . . .

Msingathe, usingathe ubuYena, ngokukholwa enhliziyweni yakho.

. . . Yena kuqala . . . (UJehova-Jira omkhulu!)  
Wathenga . . . insindiso  
Emthini waseKalvari.

<sup>144</sup> O, bekungeke yini kumangalise uma uMoya ubamba, manje nje, indlela Ofuna ngayo, izinyonga, abahluphekile, abagulayo, besukuma nje na? O, bekuyokokhela lolugu lolwandle! Amaphephandaba abeyokhuluma, uma zonke izinhliziywo bezingazinikela, “Isimanga Se-Assemblies Of



God ELong Beach, Ngelinye ISonto Emini.” Uma kukhona izinsuku ezizayo, bayothi, “Bonke babekuzwana kunye, futhi ngokungazelelwe kwafika *Into ethize* ingena ebandleni.”

O, he, ngizizwa nginjani! Ngibuka phansi. . . O! Mangi. . . Ngithethelele, ngiyacela, ngokuthatha isikhathi.

<sup>145</sup> Bengizama ukuthola u-Oral Roberts kulokhu ukusa kwithelevishini ehlezi ekamelweni lami, ekugcineni ngikutholile. Ngaqhubeka, ngangigeza, futhi ngangishefa, futhi ngabuka phezu kwe, ngabuyela emuva ukuyobona ukuthi kwakwenzekani, futhi, ngani, into yokungamesabi uNkulunkulu kakhulu! Bezama ukukhangisa iziketi zabetesifazane, kwathi sasikhombisa konke ukunyakaza komzimba wabo. Kanjani na? UNkulunkulu enza owesifazane abe yinto ephakeme kangaka njengoba enjalo, futhi bekungalulaza ingqondo yakhe, kuyilapho uNkulunkulu abeka isikhumba semvu phezu kwakhe ukumfihla, futhi ubeyofuna ingubo enithiwe ukukhombisa konke ukubumbeka komzimba wakhe!

<sup>146</sup> MaKristu, anibuzwa lobo bubu na? Uma ungeke, kukhona okungalungile. Kuyangidabukisa, ngaphenduka, ngacabanga, “O Nkulunkulu, angazi noma odadewethu bePentecostal bebeyo. . . Ngiyacela Nkulunkulu, ungakuvumeli lokho kwenzeka, ngiyacela, hawukela, Nkulunkulu, ungakwenzi, ungabavumeli bathathwe yileyonto.”

<sup>147</sup> Ngaphumela emgwaqeni, ngacabanga ukuthi ngizothola ukudla kwasekuseni, nakho kufika indoda nomkayo, beya esontweni, nalowo wesifazane efutha intuthu kasikilidi macala omabili, njengenjini yesitimu, noma okuthize; nakhu kuza ugoro ehla ngomgwaqo, egqoke amaqhoksi aphakeme, amkhipha ngalendlela, wabuyela le ngaleyondlela, futhi le ngaphandle ngalendlela. Angihlekisi, ngizama nje ukunitshela.

<sup>148</sup> Nomphefumulo wami wawudabuke kakhulu, ngacabanga, “Nkulunkulu, nakhu ngiphandle lapha njengomfundisi wokulunga, futhi ngingakukhuluma, futhi kubenza bangizonde. Ngingenzenjani, Nkosi na? Ngingenzenjani na? Ngabantu baKho!”

Kwase kuthi-ke iNto ethize yathi kimi, “Ubungafisa udumo lwabantu ngaphezu kodumo lukaNkulunkulu na?”

<sup>149</sup> Ngathi, “Nkosi, ngiphe isibindi. Abantu mababone ukuthi wuthando, akufanele kwehluke, wuthando. Ngizama ukukhuluma insindiso, niyabo, eBandleni lami elincane uJesu alifelayo.”

<sup>150</sup> Ngase ngihlala phansi ekhoneni, ngahlala lapho, futhi ngabuka, kuza ngaphesheya komgwaqo, futhi nakhu kufika abesifazane ababili noma abathathu abasebasha, nakhu kufika umfana nomunye wabo, ukugunda izinwele njengoRicky, niyazi, futhi ehamba, ngacabanga, “O Nkulunkulu!” evela esontweni, usikilidi esandleni. Ngabuka, beza behla kwesinye isitaladi,

futhi nakhu kufika yonke igenge, omunye wabo exoxa ihlaya elihlekisayo ngempela, isimilo esibi.

<sup>151</sup> Ngaqala ukuhamba ngenyuka ngesitaladi, ngacabanga, “Nkulunkulu, leli akusilo iKhaya lami. Kungani Ungangivumeli nje—nje ngilahlekelwe amandla adonsela phansi, ngiqhubeke ngiphume lapha ngesinye isikhathi na? Mangihambe, Nkosi.” Ngacabanga, “O, ngeke ngakusho lokho. O Nkulunkulu, ubani ozomemeza kakhulu na? Sizokwenzenjani na? Sizokwenzenjani na?” Futhi nje ngezwa sengathi Into ethize yayiqathaka enhliziyweni yami, phansi ngaphakathi, ngacabanga, “Uqonde ukuthi abantwana baKho, amadodakazi aKho, amadodana aKho, athunjiwe yilokhu, Nkulunkulu na? Ngabe bathunjiwe yilokhu na?”

<sup>152</sup> Futhi kwakubukeka sengathi ngangingabona nje, kwakungesiwo umbono, nje engqondweni yami, ngangingabona uJesu ebuka phezu kweJerusalema, izinyembezi zehla ezihlathini zaKhe, futhi ethi, “Jerusalema, Jerusalema, beNgithanda kangakanani ukukufukamela, njengesikhukhukazi senza emazinyaneni aso, beNgithanda kangakanani ukukubutha, kepha kawuvumanga!”

<sup>153</sup> Futhi ngangiwezwa uMoya enhliziyweni yami ukhala, “O, Phentekoste, Phentekoste, kukangaki Nginithatha ngaphansi kwamaphiko aMi, kodwa anivumi!”

<sup>154</sup> Ngakho ngiqagele ihora lokwehlukana liyasondela. O, maKristu, abizwe nguNkulunkulu, ningakuvumeli lokho kube yisiphetho senu—senu. Bheka phezulu, ubheke phezulu, uzisike uzikhulule kuwo wonke ulayini, uzithengisele izinto zezwe, ungaboshelwa emhlabeni, ugwedle uphumele ekujuleni, uphumele ekujuleni. Yenza lokho, ungeke na?

<sup>155</sup> Baba Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzokwazisa abantu ukuthi ngiqonde ukuthini, siphe khona. Futhi kwangathi bangaqonda ukuthi isizathu kuphela sokuthi ompofu, umuntu ongafundile ubeyovunyelwa ukwenza lezizinto ngukubavumela baqonde, Nkosi, ihora esiphila kulo, ukwahlulelwa. Bafunda amaphephandaba, bayakuzwa emsakazweni, ngethelevishini, isayense ithi sekusele imizuzu emithathu nje manje kube phakathi nobusuku, nangaphansi. Yini ebizungezeka noma ngasiphi isikhathi na? Iwashi elikhulu selilungele ukushaya, izwe lisekupheleni.

<sup>156</sup> Siyabona ukuthi sonke isizwe esincane namabhomu azo e-atomu nehayidrojini, amanye awo angaqhumisa imbobo emhlabathini amafidi ayikhulu namashumi ayisikhombisa nanhlanu ukujula amamayela ayikhulu isikwele. O Nkulunkulu, bekungenzani uma omunye wabo—omunye wabo eke adedeleke futhi angene kulezozikrini zerada na? Zonke izizwe ziyodubula, khona-ke ukuphela kulapha. Angazi, kungahle kube namuhla, Baba, angazi, kodwa ngizophila sengathi bekunamhlanje. Siphe

khona, Nkosi, Wena ngisize ukuba ngenze lokho, hhayi mina kuphela, kodwa siza lababantu ukuba benze lokho, Nkosi, kwangathi singazigcina silungele.

<sup>157</sup> UJesu wasitshela, “Nxa lezizinto ziqala ukufezeka, phakamisa ikhanda, ukuhlangwa sekusondele.” Futhi sibuka u-Israyeli, ikhalenda likaNkulunkulu, ehlezi ngaleya ezweni lendabuko, elindele ukubona uMesiya, u-Israyeli wabuyela emuva, ngenkathi uJosefa ezozazisa. Kuyobakhona ukukhala izinyembezi, umndeni ngamunye uzehlukanisa, ukhala izinyembezi. Kodwa ngaphambi kokuba lokho kufike, wenzani na? Wathumela umkakhe esigodlweni.

<sup>158</sup> O Nkulunkulu, siphe, siphe, Nkosi, ukuthi ibandla lizokubona ngokushesha. Siyazi ukuthi bonke abayikukwenza, ngoba Wathi bayoba sivivi, Ubuyodingeka ubahlanze emlonyeni waKho, kodwa insali encane iyothathwa ingeniswe. Nkulunkulu, yipha ukuthi wonke umuntu lapha namhlanje uzobizwa ngaleyonsali encane, siphe khona, kwangathi bangaba nomvuzo wensali encane.

<sup>159</sup> Busisa lelibandla, Nkulunkulu. Lelibandla elincane elihlezi ekhoneni lapha, akungabazeki lakhiwa, Nkosi, phansi kokuphikiswa okukhulu. Siyazi ukuthi amadoda amaningi asonta enhlanganweni lelibandla eliyimele, i-Assemblies of God, ngiyazizwa nje lezozimfakazo kulabo asebekhulile ngenkathi bona, lezozalukazi zimemeza, khumbula ngendoda idubula ivolovolo i-.45 Colt ekamelweni, futhi yashaya lona wesifazane ngqo ephinifeni, nezinhlamvu zavele zaqathakeka kwiphansi, omesabayo uNkulunkulu, umama omdala we-Assembly of God. Ubengathini ukuba ubengavuka kulokhu ukusa futhi abone amadodakazi akhe na? O Baba Nkulunkulu, yiba nomusa, usenzele okuthile ngokushesha, Nkosi. Siphe khona.

<sup>160</sup> Nkulunkulu, angikwazi ukuzibamba ngingasho lezizinto, kukhona uMoya ongaphakathi kimi okhalayo, ukhala, uconsa nje futhi ukhala. Nginxusa umusa, Nkosi. Lababantu banginika umnikelo wothando, leyo yingxenywe yokuphila kwabo, Nkosi, ukuphilisa abantwana bami, bengengeke ngabalimaze, Uyazi bengengeke, Nkosi, ngi—ngibathanda kakhulu kakhulu. Kodwa Nkulunkulu, yini—yini engingayenza ngaphandle nje kokulandela uMoya waKho na? Ngikhulekela ukuthi Uzokwenza konke okunye kwakho kucace, Nkosi. Siphe khona, ukuthi bazoqonda, futhi, sonke kanyekanye, sonke siyosindiswa kulokho kuFika okukhulu kweNkosi.

<sup>161</sup> Ngibanikela ezandleni zaKho, futhi ngiyazinikela, Nkosi. Ngiholele kubo, nabo kimi. Siphe khona, Baba, ukuze sibe yibandla likaNkulunkulu ophilayo, sihlanganiswe ndawonye ngothando, nezibopho zothando, ngoMoya oNgcwele. Ngeke sakwenza lokhu ngokwethu, kuthatha uMoya ukukwenza,

ngakho, Baba, sizinikela ezandleni zaKho, eGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu, uMsindisi wethu. Amen.

<sup>162</sup> Ngize nginibone kulobubusuku ngelesithupha nqo. ULeo, uGene, uMfowethu Borders, uBilly, noma abanye babo, uzoba lapha ukunikeza amakhadi omkhuleko, mhlampe, uBilly, lowo ngumsebenzi wakhe. Uzoza lapha kulobubusuku, axubanise amakhadi, futhi anike noma ubani ikhadi owafunayo. Khona-ke sizobiza kusukela ndawondawo phakathi lapho ubusuku bonke.

<sup>163</sup> Manje, singahle sibe nenye futhi, ngeSonto elizayo ngeviki. Manje, ngenisani abantu bakini lapha. Asazi noma sizokwenza noma qha, leyo kuyoba yindlela uMoya oNgcwele oholo ngayo, noma yini Ayenzayo. Kodwa manje, kuyaxega ngezinye izikhathi emihlanganweni, kuba kukhulu kakhulu angikwazi ukukumisa, kuyaqhubeka nje kuphume, noma kanjani. Futhi a—angazi ukuthi kuzokwenzekani, ngiyazi nje ngiyayithanda iNkosi, ngiyanihanda.

Wena uthi, “Uyasithanda, futhi ukhuluma nathi kanjalo na?”


<sup>164</sup> Yingalesosizathu, ngiyanihanda, lokho kukhombisa ukuthi ngiyanihanda. Angifuni nilahleke, ngifuna ukuchitha iPhakade nani, mfowethu, dadewethu. Angizami ukunenza ningithukuthelele, nginithanda kakhulu. Ubaba wangempela ubengambona umntwana wakhe ehlezi esitaladini, bese ethi, “Mntwana oyingane, kungcono. . .?” O, qhabo, ubeyoyilungisa, ubeyokwenza konke ayengakwenza ukuyivimbela ekubulaweni.

<sup>165</sup> Lapho ngimi lapho ngaloloSuku, futhi ngiMbuka, ukuba-ke uMoya oNgcwele wathi, “Ngakugcoba, futhi ngakuthuma, futhi wazibamba”?

Futhi ubuyovayizela izandla zakho kimi, bese uthi, “Mfowethu Branham, ukuba kuphela ubungitshelile!”

<sup>166</sup> Hha-a. Ngeke kube lokho kimi, ngizoba qotho kini, ngizoba neqiniso kini, ngoba nginithanda ngeqiniso, noNkulunkulu uyangifakazela ukuthi lokho kuyiqiniso.

Ngize nginibone kulobubusuku, umelusi.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Buntain. 

61-0212M UJehova-Jira  
EFirst Assembly Of God Of Long Beach  
ELong Beach, ECalifornia E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)